Usuku:



Masikhulume

Ikhuluma ngani le nkondlo?

Yimiphi imigqa enamagama angafundeki kalula ngokushesha? Idwebele.



Masibhale

Azizininingi izindawo ezinemvumelwano, kuningi ukuphindwa kwamagama. Nokho bhala amagama obona evumelana nalana, noma aphinda avele ngezansi.

| omkhulu | la | ndawonye | wami |
|---|---|---|---|
| | | | |

Yini indlovu eyayizama ukuyenza?

Yehlulwa yini ukuyenza?

## Isenzasamuntu

Uma ababhali benikeza izilwane noma izinto ezitholakala kubantu, sithi lokhu **yisenzasamuntu**. Kule nkondlo umbhali unikeza indlovu okuyizimpawu zomuntu.

Kopisha umusho kule nkondlo okhombisa ukuthi indlovu iziphathisa okomuntu.

## Ufanamsindo



Masenze

Zama ukusho ngokuphindaphinda la magama adida ulimi. Ungakwazi ukuwasho ngokusheshisa?



**Idube lidangele uma amadada eduda edamini.**






**Ixoxo lixoxa noxamu ngengxoxo exakile.**





Inyok' enyakaze kwenyany' unyawo.

Uma siphindaphinda amagama afanayo emushweni, lokhu sikubiza ngokuthi wufanamsindo.



Masibhale


Funda ngofanamsindo bese udwebela imisindo ephindwayo esonta ulimi.

**Masifunde**

Bheka izinkondlo ezikuleli khasi. Kuthiwa yizinkondlo ezinesimo esithile ngoba kumele zingene ohlakeni lwesithombe esithile. Izinkondlo ezinesimo zike zibe nemvumelwano, kodwa eziningi zazo azibi nayo. Manje-ke funda nazi izinkondlo.

**Masibhale**

Dwebela amagama amabili anemvumelwano ngombala ofanayo enkondlweni ngayinye enesimo esithile.




## UVusi ushayela ikhumbi

UVu s' ushayel' ikhumb' asiyis' esikoleni.
Sivule onk' amawindi ukuze kungen' umoya.

Uvula umsakazo sicule ngaphakathi,
Silalel' umculo, siziculele nathi.

Ushay' ihutha nxa esilanda nalaph'esehamba,
Uyishaya ngish' ejikeleza ukuze bonke bezwe.

UVus' ushayel' itekisi esithand' ukuba kuyo.
Um' ufun' ukuhamba nathi, isagcwel' indawo kuyo.



## IMVUBU NENDLOVU

Imvub' encane
yaphuma yayodlala.
Yabhukud' emfuleni
ilanga libalele.
"Ngisele ngedwa manje
sengilahlekile,
Ngisuke ngakhohlwa
ukuphath' ucingo lwami."

**Laphayan' ezansi la kumila**
**khon' ubhanana,**
**Intuthwane yanyathela**
**olwendlov' uzwanikazi.**
**Indlovu yasho kwagelez'**
**izinyembezi:**
**Kodwa awumkhethi ngani lowo**
**Ombhek' umbon' engangawe?**

# Esikutshelwa yisichazamazwi






Amagama **ayisethulo sekhasi** noma **amagama ayizihloko** ekuqaleni kwekhasi, asitshela ukuthi yiliphi igama lokuqala nelokugcina kulelo khasi.

Igama lokuqala elibhalwe ngokugqamile yigama eliyisingeniso. Igama eliyisingeniso libhalwa ngamagama amnyama acindezelwe.

Eceleni kwegama eliyisingeniso kunamagama abhalwe ngokugqamile aveza okunye okuphathelene negama. La magama asitshela ukuthi igama liyibizo noma yisenzo yini, njl.

Isichazamazwi sinikeza incazelo yamagama nendlela yokuwaphimisela. Amagama asesichazamazwini ahlelwe ngokulandelana kohlelo lwezinhlamvu.

## ibuzi

a b c d e f g h **i** j k l m n o p q r s t u v w x y z

**ibuzi**

Yigundane elimpunga elidliwa ngabafana.



**idube**

Yisilwane esingangembongolo esinemithende emnyama nemhlophe.




**ucingo**

Yinsimbi ende encane ngomzimba.



**ufudu**

Yisilwane esifushane esihamba sithwele igobolondo.



Incazelo isinikeza ingqikithi yegama. Uma igama linencazelo engaphezulu kweyodwa, lezo zincazelo ziba nezinombolo.




**igundane**

Yibuzi elincane elimpunga elihlala esikhotheni.



**ihobhe**

Inyoni empunga enomqala omnyama.



**ijikijolo**

Yizithelo zasendle ezimila emthini ohlabayo.

**iketela**

Yisitsha okubiliswa ngaso amanzi.



**ulimi**

Yisitho esibomvu esisemlonyeni.



Yinto okuthengwa ngayo eyinsimbi neyiphepha.




a b c d e f g h i j k l m n o p q r s t u v w x y z



Ezinye izincazelo ziba nomusho oyisibonelo esitshengisa ukuthi igama lisetshenziswa kanjani.

# Ukubhala incwadi






Yenza sengathi unguJojo. Uzobhala incwadi iye kumngani esikoleni esisemakhaya obufunda kuso ungakezi eGoli. Encwadini leyo chaza ukuthi sinjani isikole sakho esisha. Yisho ukuthi kwenzekeni ngenkathi uthola izicathulo zebhola lezinyawo. Sebenzisa ibalazwe lemibono ukuhlela ukubhala incwadi yakho.

1



2



3



4



Usuku:




## Izandiso zamaqophela okulinganisa



Faka isimo esifanele segama elikubakaki ukuqedela le misho elandelayo.

Inkunzi yagijima (ngokushesha) ______ kunoJojo.

Ngizofika (masinya) ______ kunawe esikoleni.

UZozo mude (kakhulu) ______ kunoDube.

USara ufike esitolo (kamuva) ______ kunami.

Silinde isikhathi (eside) ______ namuhla kunayizolo.

Libalele (kakhulu) namuhla ______ kunangeSonto.

Ngithole amamaki (amaningi) ______ kunomzala wami.

Ihlobo linemvula eningi (kakhulu) ______ kunentwasahlobo.




Dwebela amagama ayizandiso kule misho.

Udlala kahle ibhola yikho bemthathe ngokushesha eqenjini lesizwe. Lina kakhulu namuhla, ngizobambezeleka impela emsebenzini.

Hlukanisa la magama ngamalunga. Yisho ukuthi yiliphi igama elinamalunga amaningi kunawo wonke.

| ka/hle | 2 | kahle kakhudlwana | kahle kakhulu |
|---|---|---|---|
| ngokuhlakanipha | | | |
| ngokuhehayo | | | |
| ngomdlandla | | | |
| ngokubhidliza | | | |
| ngomusa | | | |
| ngejubane | | | |
| ngokuhlakanipha | | | |
| kamnandi | | | |
| kamuva | | | |

Usuku:

## Isichasiso - isibaluli

Masibhale

Kule misho engezansi gcwalisa ngesibaluli esikhaleni osinikeziwe. Sikwenzele isibonelo emshweni wokuqala. Khetha kulezi zibaluli: -qotho, -qatha, -banzi, -hambayo, -mnyama, -de.

| |
|---|
| **Ilanga yibhamuza elibomvu.** |
| Izimuzimu yindoda e-________________ yasezinganekwaneni. |
| I-Amazon wumfula waseMelika o-________________ . |
| Igwababa eli-________________ lindizela phansi. |
| Ngifunda nabafana aba-________________ esikoleni. |
| Ayinqamuki kalula intambo e-________________. |
| Izinhlanzi zithanda amanzi a-________________. |

## Izabizwana zokuchasisa

Uyakhumbula yini ukuthi **izabizwana zokuchasisa** sithi yini? Sisebenzisa **isabizwana sokuchasisa** uma siqala ngegama elichaza ibizo emshweni. Isibonelo: Umfana omncane uyadlala. Omncane umfana uyadlala. Noma ngabe luhlobo luni lwesichasiso esisetshenziselwe ukuchaza ibizo, uma siqala ngaso emshweni, siphenduka sibe **yisabizwana sokuchasisa**.

Yenza umusho ngaleli binzana elichaza ibizo.

unenja elumayo | amanzi ashisayo | ngosuku olumakhaza | inyama eningi | kunomoya onamandla | ingubo efudumalayo | unyaka onokudla

| |
|---|
| 1 Ngicishe ngathinta ________________, bengizosha. |
| 2 USipho ________________ kodwa ayikhonkothi. |
| 3 Asibanga sihle isivuno esidlule, kodwa lona ________________. |
| 4 Akulungile ukudla ________________ kakhulu. |
| 5 Ungagezi ngamanzi abandayo ________________. |
| 6 Kundize othayela kade ________________. |
| 7 Ngizothenga ________________ ngalobu busika. |

TEACHER: Sign ________ Date ________

